



# Government Gazette

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA  
IRIPHABLIKHI YOMZANTSI-AFIKA

Vol. 590 Cape Town,  
Kaapstad, 18 August 2014

**No. 37922**

## THE PRESIDENCY

No. 630 18 August 2014

It is hereby notified that the President has assented to the following Act, which is hereby published for general information:—

**Act No. 29 of 2014: Local Government: Municipal Property Rates Amendment Act, 2014**

## IHHOVISI LIKAMONGAMELI

Ino. 630 18 August 2014

Ngalokhu kwaziswa ukuthi uMongameli usewuvumile loMthetho nosewuzoshicilelwa umphakathi:—

**Ino 29 ka 2014: Umthetho Wohulumeni Basekhaya: oMthetho Ochitshiyelwe Wentela kaMasipala Wobuninimhlaba, wonyaka wezi 2014**



**AIDS HELPLINE: 0800-0123-22 Prevention is the cure**

**GENERAL EXPLANATORY NOTE:**

- [                    ]     Words in bold type in square brackets indicate omissions from existing enactments.
- Words underlined with a solid line indicates insertions in existing enactments.

---

*(English text signed by the President)*  
*(Assented to 15 August 2014)*

---

# ACT

To amend the Local Government: Municipal Property Rates Act, 2004, so as to provide for the amendment and insertion of certain definitions; to delete the provisions dealing with district management areas; to provide that a rates policy must determine criteria for not only the increase but also for the decrease of rates; to delete the provisions of section 3(4) and to provide for a rates policy to give effect to the regulations promulgated in terms of section 19(1)(b); to provide that by-laws giving effect to the rates policy must be adopted and published in terms of the Municipal Systems Act; to provide for the determination of categories of property in respect of which rates may be levied and to provide for a municipality to apply to the Minister for authorisation to sub-categorise property categories where it can show good cause to do so; to regulate the timeframe of publication of the resolutions levying rates and what must be contained in the promulgated resolution; to provide for the Minister to make a decision in terms of section 16(2) with the concurrence of the Minister of Finance; to provide for the exclusion from rates of certain categories of public service infrastructure as well as mining rights or mining permits, to provide that infrastructure above the surface in respect of mining property is rateable and the rates are payable by the holder of the mining right or mining permit; to provide that the exclusion from rates in respect of land belonging to a land reform beneficiary is extended to the spouse and dependants; to provide that an exclusion from rates in respect of the seashore lapses if any part thereof is alienated; to provide that a municipality may levy different rates on vacant residential property; to provide that a municipality may not recover rates in respect of a right of exclusive use registered against a sectional title unit from the body corporate; to provide that a person liable for a rate must furnish the municipality with his or her postal address; to provide that municipalities are not required to value properties fully excluded from rates; to provide for the period of validity of a valuation roll to be four years in respect of a metropolitan municipality and five years in respect of local municipalities; to provide for the MEC for local government to extend the period of validity of valuation rolls by two additional years where the provincial executive has intervened in terms of section 139 of the Constitution and by one financial year and two financial years for metropolitan

**INCAZELO EJWAYELEKILE:**

[ ] Amagama agqanyisiwe phakathi ezikweleni akhomba okushiye emthethweni omisiwe.

Amagama adwetshelwe ngomugqa ogqamile akhomba emthethweni omisiwe.

(English text signed by the President)  
(Assented to 15 August 2014)

**UMTHETHO**

Ukuchibiyela kuHulumeni waSekhaya: uMthetho weNtela kaMasipala Yobuninimhlaba, 2004, ukuze kuhlinzekelwe ngezichibiyelo kanye nokufakwa kwezinye izincazelo; ukususa izinhlinzeko ezidingida izindawo ezisingethwe yizifunda; uqagule izindlela hhayi nje kuphela zokwenyusa izintela kodwa nezokuzehlisa; ukususa imibandela yesigaba sesi-3(4) kanye nokuhlinzekela ngenqubomgomo yentela ukuze kusetshenziswe izimiso zomthetho ezisungulwe ngokwemigomo yesigaba se-19(1)(b); ukuhlinzekela ngokuthi imithethomgomo yomasipala enikeza indlela yokusebenza kwenqubomgomo yezintela kumele ishicilelwe ngokoMthetho wokuSebenza koMasipala; ukuhlinzekela ngokunquma imikhakha yendawo engathweswa intela kanye nokuhlinzekela ukuba umasipala ufake isicelo kuNgqongqoshe sokugunyazwa kokuhlukaniswa kwemikhakha yendawo uma kunezizathu ezifanele zokwenza lokho; ukushaya imithethomgomo ozolawula isikhathi sokushicilelwa kwezinqumo eziphathelene nokutheliswa intela kanye nokuthi yini okufanele kuqukathwe yizinqumo ezithathiwe; ukuhlinzekela ngokuthi uNgqongqoshe akwazi ukuthatha isinqumo ngokwesigaba se-16(2) ngokubambisana noNgqongqoshe wezeZimali; ukuhlinzekela ngokungafakwa ohlelweni lokukhokhwa kwentela kwezinye izinhla eziphathelene nezinsiza yengqalasizinda yomphakathi ngokunjalo futhi namalungelo okumba noma izimvume zokumba, ukuhlinzekela ngokuthi ingqalasizinda engaphezu komhlaba uma kukhulunywa ngendawo yokumba, iyatheliswa nanokuthi intela ikhokhwa yilowo onamalungelo okumba noma onemvume yokumayina; ukuhlinzekela ngokuthi ukungafakwa ohlelweni lokukhokhiswa intela kulowo mhlaba owenganyelwe ngabathile abayizindlalifa wedluliselwa kokuganenwe nabo kanye nalabo abanelungelo efeni; ukuhlinzekela ngokuthi ukungafakwa ohlelweni lwentela kwendawo egudle ugu kupheliswa uma noma iyiphi ingxenye eyedluliselwa komunye; ukuhlinzekela ngokuthi umasipala angathelisa izintela ezingafani ezindaweni ezingakhe lutho; ukuhlinzekela ngokuthi umasipala engeze afuna ukubuyiselwa izintela kulabo abanelungelo lokusebenzisa indawo ezibhaliswe ngokomklamo wamatayitela enhlanganweni ezimele; ukuhlinzekela ngokuthi umuntu ofanelwe ukukhokha intela kumele alethe kumasipala indawo lapho kunokuxhunyanwa naye; ukuhlinzekela ngokuthi omasipala akamele ukwenza izilinganisomanani ezindaweni okungafanele zikhokhelwe intela; ukuhlinzekela ngesikhathi sokuqinisekisa kohlu lwezilinganisomanani ukuba sibe yiminyaka emine kumasipala wedolobha elikhulu futhi sibe iminyaka emihlanu komasipala bezindawo; ukuhlinzekela ngokunwetshwa kwesikhathi sokubasemthethweni kohlu lwezilinganisomanani ngu-MEC wohulumeni bezindawo ngeminye iminyaka yokwengeza emibili uma sekungenelele iziphathimandla zesifundazwe ngokwemigomo yesigaba se-139 soMthethosisekelo nangonyaka wezimali owodwa kanye neminyaka yezimali emibili kumasipala wedolobha elikhulu nakomasipala bendawo uma umasipala efake isicelo ngokukhethekile; ukuhlinzekela ngokuthi inhlango ezimele, inkampani engamele ngoku-

and local municipalities respectively on request by a municipality in any exceptional circumstances; to provide that a body corporate, share block company or managing association is required to provide information to a valuer; to delete the requirement for the payment of interest in specific instances; to delete the requirement for the establishment of a valuation appeal board in every district municipality; to provide that a professional associated valuer may be appointed to the valuation appeal board if a professional valuer cannot be appointed; to amend the quorum of an appeal board to include the valuer member of the valuation appeal board; to amend the dates on which a supplementary valuation takes effect; to provide for the notification of owners of property affected by a supplementary valuation; to limit condonation by the MEC for local government through the framework to municipalities only; to provide for more effective monitoring and reporting by municipalities and provinces on critical areas of the implementation of the Act; to extend the Minister's regulatory powers; to provide for the phasing in of certain regulations; to provide for the phasing in of the prohibition on the levying of rates on certain types of public service infrastructure; to provide for transitional arrangements in respect of municipalities that have been affected by a redetermination of municipal boundaries; to provide for transitional arrangements for the implementation of section 8; and to provide for matters connected therewith.

**B**E IT ENACTED by the Parliament of the Republic of South Africa, as follows:—

**Amendment of section 1 of Act 6 of 2004, as amended by section 24 of Act 19 of 2008**

1. Section 1 of the Local Government: Municipal Property Rates Act, 2004 (the principal Act), is hereby amended— 5

(a) by the substitution for the definition of “agricultural purpose” of the following definition:

“**‘agricultural [purpose] property’ [in relation to the use of a property,]** means property that is used primarily for agricultural purposes but, without derogating from section 9, excludes any portion thereof that is used commercially for the hospitality of guests, and excludes the use of [a] the property for the purpose of eco-tourism or for the trading in or hunting of game;” 10

(b) by the insertion after the definition of “date of valuation” of the following definition: 15

“**‘day’** means when any number of days are prescribed for the performance of any act, those days must be reckoned by excluding the first and including the last day, unless the last day falls on a Saturday, Sunday or any public holiday, in which case the number of days must be reckoned by excluding the first day and also any such Saturday, Sunday or public holiday;” 20

(c) by the deletion of the definition of “district management area”;

(d) by the substitution for the definition of “land tenure right” of the following definition:

“**‘land tenure right’** means [an old order right or a new order right] a land tenure right as defined in section 1 of the [Communal Land Rights Act, 2004 (Act No. 11 of 2004)] Upgrading of Land Tenure Rights Act, 1991 (Act No. 112 of 1991);” 25

bambisana noma inhlango esingethe kudingeka ilethe ulwazi kumlinganisimanani; ukususwa kwesidingo sokukhokhekwa kwenzalo ezimeli ezithile; ukususwa kwesidingo sokusungulwa kwebhodi lokwedlulisela izikhalazo zezilinganisomanani kubo bonke omasipala bezifunda; ukuhlinzekela ngokuthi kuqokwe umlinganisimanani owenza umsebenzi ofundelwe enhlanganweni aqokelwe ibhodi lokubuyekeza izilinganisomanani uma umlinganisimanani ofundele umsebenzi engeke aqokwe; ukuchibiyela inamba yesibalo samalungu anelungelo lokuqhuba umhlango uma amanye engekho sebhodi lokwedlulisela izikhalazo ukuba sifake nelungu lezilinganisomanani lebhodi lokwedluliswa kwezikhalazo; ukuchibiyela izinsuku okufanele kwenziwe ngazo izichibiyelo zezilinganisomanani; ukuhlinzekela ngokwaziswa kwabanikazi bezindawo ezithintekile ngezilinganisomanani ezichitshiyelwe; ukunciphisa ukuxolela ngu-MEC ngokohlaka lokuqapha komasipala kuphela; ukuhlinzekela ngohlelo olunempumelelo lokuqapha kanye nokubika okumele kwenziwe ngomasipala kanye nezifundazwe ngezindawo ezithile ezisemqoka zokuphumelelisa lo Mthetho; ukunweba amandla kuNgqongqoshe okushaya izimiso zomthetho; ukuhlinzekela ngokufakwa kwezimiso zomthetho zithile; ukuhlinzekela ngokufakwa kokuvimbela kokuthelisa izintela ezinhlotsheni ezithile zezinsiza zengqalasizinda yomphakathi; ukuhlinzekela ngamalungiselelo esikhashana komasipala abathintekile ngokuklanywa kabusha kwemingcele; ukuhlinzekela ngamalungiselelo esikhashana okusetshenziswa kwesigaba sesi-8; kanye nokuhlinzekela ngezindaba ezihlobene nalokhu.

**N**JENGALOKHU KUMISWE yiPhalamende laseRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, njengokulandelayo:—

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba soku-1 soMthetho wesi-6 wezi-2004, njengalokhu sichitshiyelwa yisigaba 24 soMthetho 19 wezi-2008**

1. Isigaba soku-1 soHulumeni waseKhaya: uMthetho weNtela kaMasipala yoBuninimhlaba, 2004 (uMthethongqangi), siyachitshiyelwa— 5

(a) Ngokufaka esikhundleni sencazelo “izinhloso zokulima” yencazelo elandelayo:

“**‘umhlaba [okuhloswe] wokulima’ [mayelana nokusetshenziswa akomhlaba,]** uchaza umhlaba osetshenziselwa ezolimo kodwa, ngaphandle kokuphambuka esigabeni sesi-9, awubandakanyi ingxenye yawo esetshenziswa ukuhlala izivakashi, futhi awubandakanyi ukusetshenziswa komhlaba kwezokuvakasha noma ukuhwebelana noma ukuzingela;”;

(b) Ukufaka emva kwencazelo “usuku lwesilinganisomanani” encazelweni elandelayo:

“**‘usuku’** kusho ukuthi uma noma yiziphi izinsuku zibekelwe ngokusemthethweni ukwenza noma yimuphi umsebenzi, kumele zibalwe ngokungahlanganisi usuku lokuqala futhi nokuhlanganisa usuku lokugcina, ngaphandle uma usuku lokugcina luwela ngaphansi koMgqibelo, iSonto noma naluphi usuku oluyiholidi lomphakathi, lapho inamba yezinsuku kumele zibalwe ngokungahlanganisi usuku lokuqala kanye nanoma yimuphi lowo Mgqibeko, iSonto noma iholodi lomphakathi;”;

(c) ukususwa kwencazelo “indawo esingethwe ngumasipala wesifunda”; 25

(d) ukufaka esikhundleni sencazelo “ilungelo lokuhlala endaweni” encazelweni elandelayo:

“**‘ilungelo lokuhlala lendawo’** kuqondwe [ilungelo lohlelo oludala noma ilungelo lohlelo olusha] ilungelo lokuhlala lendawo njengalokhu lichazwe esigabeni soku-1 [soMthetho weLungelo loMhlaba oHlanganyelwe, 2004 (uMthetho we-11 onyakeni wezi-2004)] ukwenziwa ngcono kwezinga loMthetho waMalungelo oKuhlala oMhlaba we-1991 (uMthetho we-112 we-1991);”;

- (e) by the insertion after the definition of “metropolitan municipality” of the following definition:  
“**‘mining property’** means a property used for mining operations as defined in the Mineral and Petroleum Resources Development Act, 2002 (Act No. 28 of 2002);”;
- (f) by the substitution for the definition of “multiple purposes” of the following definition:  
“**‘multiple purposes’**, in relation to a property, means the use of a property for more than one purpose, subject to section 9;”;
- (g) by the deletion of the definition of “municipality”;
- (h) by the insertion after the definition of “occupier” of the following definitions:  
“**‘office bearer’**, in relation to places of public worship, means the primary person who officiates at services at that place of worship;  
**‘official residence’**, in relation to places of public worship, means—  
(a) a portion of the property used for residential purposes; or  
(b) one residential property, if the residential property is not located on the same property as the place of public worship, registered in the name of a religious community or registered in the name of a trust established for the sole benefit of a religious community and used as a place of residence for the office bearer;”;
- (i) by the insertion in the definition of “owner”—  
(i) after paragraph (b) of the following paragraphs:  
“(bA) in relation to a time sharing interest contemplated in the Property Time-sharing Control Act, 1983 (Act No. 75 of 1983), means the management association contemplated in the regulations made in terms of section 12 of the Property Time-sharing Control Act, 1983, and published in Government Notice R327 of 24 February 1984;  
(bB) in relation to a share in a share block company, the share block company as defined in the Share Blocks Control Act, 1980 (Act No. 59 of 1980);  
(bC) in relation to buildings, other immovable structures and infrastructure referred to in section 17(1)(f), means the holder of the mining right or the mining permit;”;
- (ii) after subparagraph (vii) of the following subparagraph:  
“(viiA) a lessee, in the case of property to which a land tenure right applies and which is leased by the holder of such right; or”;
- (j) by the insertion after the definition of “person” of the following definition:  
“**‘place of public worship’** means property used primarily for the purposes of congregation, excluding a structure that is primarily used for educational instruction in which secular or religious education is the primary instructive medium: Provided that the property is—  
(a) registered in the name of the religious community;  
(b) registered in the name of a trust established for the sole benefit of a religious community; or  
(c) subject to a land tenure right;”;
- (k) by the substitution for paragraph (g) of the definition of “public service infrastructure” of the following paragraph:  
“(g) runways [or], aprons and the air traffic control unit at national or provincial airports, including the vacant land known as the obstacle free zone surrounding these, which must be vacant for air navigation purposes;”;

- (e) ukufaka emva kwencazelo “umasipala wedolobhakazi” encazelweni elandelayo:  
 “**‘indawo yokumba/yemayini’** kuqondwe indawo esetshenziselwa imisebenzi yokumba/yokumayina njengalokhu ichazwe eMthethweni wezokuThuthukiswa kokuMbiwa phansi kanye nezoKusaluketshezi, wezi-2002 (uMthetho wama-28 wezi-2002);” 5
- (f) ukufaka esikhundleni sencazelo “isakhiwo semisebenzi eyingxubevange” yencazelo elandelayo:  
 “**‘isakhiwo semisebenzi eyingxubevange’**, uma kukhulunywa ngesakhiwo, kuqondwe ukusetshenziswa kwendawo isetshenziselwa izinhloso ezingaphezu kweyodwa, ngokuqondene nesigaba sesi-9;” 10
- (g) ukususwa kwencazelo “umasipala”;
- (h) ukufaka emva kwencazelo “umhlali” yencazelo elandelayo:  
 “**‘umphathi wehhovisi’**, uma kukhulunywa ngezindawo zomphakathi zokukhonza, kuqondwe umuntu ophethe okunguyena ohlola izinhlelo zokukhonza kuleyo ndawo yokukhonza;  
**‘indawo yokuhlala esemthethweni’**, uma kukhulunywa ngezindawo zomphakathi zokukhonza, ichaza—  
 (a) ingxenye yomhlaba esetshenziswa ukuhlala; noma  
 (b) indawo yokuhlala eyodwa, uma indawo yokuhlala ingekho kuleyo ndawo yomphakathi yokukhonza, ibhaliswe egameni emphakathini ongamakholwa noma ibhaliswe egameni lomfelandawonye osungulwe ukuze kuzuze umphakathi ongamakholwa futhi esetshenziswa njengendawo yokuhlala ilabo abaphethe;” 15 20 25
- (i) ukufaka encazelweni “umnikazi”—  
 (i) emva kwesiqephu (b) esiqeshini esilandelayo:  
 “(bA) esimeni lapho kunokubambisana khona njengalokhu kubekwe eMthethweni oLawula ukuBambisana esakhiweni/eNdaweni, we-1983 (okunguMthetho ongunombolo 75 we-1983), kuqondwe isigungu samaphathi esibalulwe kumthethomgomo obekwe ngokwesigaba se-12 soMthethwei oLawula ukuBambisana esakhiweni/eNdaweni, we-1983, nanjengalokhu kushicilelwe eSazisweni sikaHulumeni u-R327 somhla zingama-24 kuNhlolanja 1984;” 30 35  
 (bB) lapho kubanjiswene khona enkampani ebambisene ngokwebhulokhi njengalokhu ichazwe eMthethweni oLawula iBhulokhi, we-1980 (okunguMthetho ongunombolo 59 we-1980);  
 (bC) njengalokhu kubhekiswe ezakhiweni, kwezinye izakhiwo ezingagudluzeki kanye nengqalasizinda njengalokhu kukhulunywa ngakho esigabeni se-17 (1)(f), kuqondwe umnikazi onamalungelo okumba (emayini) noma imvume yokumba (yokumayina);” 40  
 (ii) emva kwesiqeshana (vii) ngokombandela wesiqeshana esilandelayo:  
 “(viiA) lowo onemvume yokuqasha, lapho amalungelo okuhlala endaweni esebenza khona nanokuthi leyo ndawo iqashwe ngumuntu onalawo malungelo; okanye;” 45
- (j) ukufaka emva kwencazelo “umuntu” yencazelo elandelayo:  
 “**‘indawo yomphakathi yokukhonza’** kusho indawo ebhaliswe ngokusemthethweni egameni lalelo hlelo lomphakathi nanokuthi lisetshenziselwa ikakhulu izinhloso zesonto lokhu kungahlanganisi isakhiwo sokufundisa lapho isakhiwo noma izifundo zebandla kuyizona kuphela ezifundiswayo: kodwa uma indawo—  
 (a) ibhaliswe ngokusemthethweni egameni lenhlangano yebandla;  
 (b) ibhaliswe ngokusemthethweni egameni lezethenjwa elisungulelwe kuphelela ukuzuzisa inhlangano yebandla; noma  
 (c) uma leyo ndawo kunelungelo eliphelele lokuhlala noma lokuthi isetshenziswe;” 50 55
- (k) ukufaka esiqeshini (g) sencazelo “ingqalasizinda yezidingo zomphakathi” yencazelo elandelayo: 60  
 “(g) ibala lokubaleka iziphaphamshini [okanye], ibala lokupaka iziphaphamshini nobuxhakaxhaka bokulawula ezihamba esibhaka-bhakeni ezikhumulweni zezindiza kuzwelonke okanye nasezifu-

- (l) by the insertion after the definition of “public service infrastructure” of the following definition:  
“**‘public service purposes’**, in relation to the use of a property, means property owned and used by an organ of state as—  
(a) hospitals or clinics;  
(b) schools, pre-schools, early childhood development centres or further education and training colleges;  
(c) national and provincial libraries and archives;  
(d) police stations;  
(e) correctional facilities; or  
(f) courts of law,  
but excludes property contemplated in the definition of ‘public service infrastructure’;”;
- (m) by the insertion after the definition of “rateable property” of the following definition:  
“**‘ratio’**, in relation to section 19, means the relationship between the cent amount in the Rand applicable to residential properties and different categories of non-residential properties: Provided that the two relevant cent amounts in the Rand are inclusive of any relief measures that amount to rebates of a general application to all properties within a property category;”;
- (n) by the substitution for the definition of “residential property” of the following definition:  
“**‘residential property’** means a property included in a valuation roll in terms of section 48(2)(b) [**as residential;**] in respect of which the primary use or permitted use is for residential purposes without derogating from section 9;”.

**Amendment of section 2 of Act 6 of 2004**

2. Section 2 of the principal Act is hereby amended by the deletion of subsection (2).

**Amendment of section 3 of Act 6 of 2004, as amended by section 25 of Act 19 of 2008**

3. Section 3 of the principal Act is hereby amended—
- (a) by the substitution in subsection (3)(b) for subparagraph (i) of the following subparagraph:  
“(i) levies different rates for different categories of properties determined in terms of section 8;”;
- (b) by the substitution in subsection (3)(b) for subparagraph (iv) of the following subparagraph:  
“(iv) increases or decreases rates;”;
- (c) by the addition in subsection (3) of the word “and” at the end of paragraph (j);
- (d) by the addition in subsection (3) after paragraph (j) of the following paragraph:  
“(k) in respect of agricultural property, give effect to the regulations promulgated in terms of section 19(1)(b);”;
- (e) by the deletion of subsection (4).



- ndazweni, kuhlenganisa nendawo engenalutho eyaziwa ngokuthi indawo engenazithiyo ezungeze lezi zindawo, okumele ihlale engenalutho ngenhloso yokuqondisa izindiza;”;
- (l) ukufaka emva kwencazelo “ingqalasizinda eyizinhlinzeko zomphakathi” yencazelo elandelayo: 5  
 “**‘ngokwenhloso yezinhlinzeko zomphakathi’**, uma kukhulunywa ngokusetshenziswa kwendawo, kuqondwe indawo esingethwe nese-tshenziswa isakhiwo sombuso njenge—  
 (a) zibhedlela kanye nemitholampilo;  
 (b) izikole, kuhlenganisa izikole zojahidada, izinkulisa noma kanye namakholi emfundo ephakeme nokufundela ezamakhono;  
 (c) imitapo yolwazi kazwelonke neyezifundazwe;  
 (d) iziteshi zamaphoyisa;  
 (e) amajele; noma  
 (f) izinkantolo zomthetho, 15  
 kodwa kungahlanganisi izindawo njengalokhu zibalulwe encazelweni ‘ingqalasizinda yezinhlinzeko zomphakathi’;”;
- (m) ukufaka emva kwencazelo “indawo ithelelwa intela” yencazelo elandelayo: 20  
 “**‘ubukhulu bokulinganiselwa’** uma kubhekwa isigaba se-19, kuqondwe ubudlelwane phakathi isenti lifinyelela eShumini elisebenza ezindaweni zokuhlala kanye nemikhakha ehlukeneyezindawo okungezona ezokuhlala: Ingakumbi uma lelo senti lifinyelela eShumini lihlenganisa nanoma yiziphi izinyathelo zokuhlenga ezifinyelela ekubuyiselweni kwemali yokusebenza okujwayelekile kuzo zonke izindawo ezingaphansi kohlobo lwesandawo;” kanye 25
- (n) nokufakwa kwencazelo “isakhiwo esiyindawo yokuhlala” yencazelo elandelayo: 30  
 “**‘isakhiwo esiyindawo yokuhlala’** kuqondwe indawo equkwe ohlwini lwezilinganisomanani ngokwesigaba 48(2)(b) [**njengendawo yokuhlala**] inhloso yaso enkulu okuwukuyisebenzisela ukuhlala noma imvume yokuyisebenzisela ukuhlala ngaphandle kokuphambuka esigabeni sesi-9;”.

### Ukuchitshiyelwa kwesigaba sesi-2 soMthetho wesi-6 wezi-2004

2. Isigaba sesi-2 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa ngokususa esigatshaneni isiqeshana sesi (2). 35

### Ukuchitshiyelwa kwesigaba sesi-3 soMthetho wesi-6 wezi-2004, njengalokhu sichitshiyelwa yisigaba 25 soMthetho 19 wezi-2008

3. Isigaba sesi-3 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa—
- (a) ngokufaka esikhundleni sesigatshana (3)(b) sesiqeshana (i) sesiqeshana ezilandelayo: 40  
 “(i) ukuthelisa izintela ezingefani ezinhlobo ezehlukeneyezakhiwo/zomhlaba/zendawo njengalokhu zibalulwe ngokwesigaba sesi-8;”;
- (b) ngokufaka esikhundleni sesigatshana (3)(b) isigatshana (iv) esilandelayo: 45  
 “(iv) ukwenyuswa noma ukwehliswa kwezintela;”;
- (c) ngokwengeza isigatshana sesi-(3) egameni “kanye” ekupheleni kwendima (j);
- (d) ngokwengeza isigatshana sesi-(3) ngemuva kwendima (j) sale ndima elandelayo: 50  
 “(k) uma kukhulunywa ngomhlaba wezolimo, kusetshenziswe izimiso zomthetho ezisungulwe ngokwemigomo yesigaba se-19(1)(b).”;
- (e) ngokususa isigatshana sesi-(4).

**Amendment of section 6 of Act 6 of 2004**

4. Section 6 of the principal Act is hereby amended by the substitution for subsection (1) of the following subsection:

“(1) A municipality must adopt and publish by-laws, in terms of sections 12 and 13 of the Municipal Systems Act, to give effect to the implementation of its rates policy.”. 5

**Amendment of section 7 of Act 6 of 2004, as amended by section 26 of Act 19 of 2008**

5. Section 7 of the principal Act is hereby amended by the substitution for subsection (1) of the following subsection:

“(1) When levying rates, a municipality must, subject to subsection (2), levy rates on all rateable property in its area [or, in the case of a district municipality, on all rateable property in the district management area].” 10

**Substitution of section 8 of Act 6 of 2004**

6. The following section is hereby substituted for section 8 of the principal Act:

**“Differential rates” 15**

8. (1) Subject to section 19, a municipality may, in terms of the criteria set out in its rates policy, levy different rates for different categories of rateable property, determined in subsection (2) and (3), which must be determined according to the—

- (a) use of the property; 20
- (b) permitted use of the property; or
- (c) a combination of (a) and (b).

(2) A municipality must determine the following categories of rateable property in terms of subsection (1): Provided such property category exists within the municipal jurisdiction: 25

- (a) Residential properties;
- (b) industrial properties;
- (c) business and commercial properties;
- (d) agricultural properties;
- (e) mining properties; 30
- (f) properties owned by an organ of state and used for public service purposes;
- (g) public service infrastructure properties;
- (h) properties owned by public benefit organisations and used for specified public benefit activities; 35
- (i) properties used for multiple purposes, subject to section 9; or
- (j) any other category of property as may be determined by the Minister, with the concurrence of the Minister of Finance, by notice in the *Gazette*.

(3) In addition to the categories of rateable property determined in terms of subsection (2), a municipality may determine additional categories of rateable property, including vacant land: Provided that, with the exception of vacant land, the determination of such property categories does not circumvent the categories of rateable property that must be determined in terms of subsection (2). 40 45

(4) (a) Where a municipality can, on good cause, show that there is a need to sub-categorise the property categories listed in subsection (2), a municipality must apply to the Minister in writing for authorisation to create one or more of such sub-categories.

- (b) Such application must— 50
  - (i) be accompanied by a motivation for such sub-categorisation;
  - (ii) demonstrate that such sub-categorisation is not in contravention of section 19; and

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba sesi-6 soMthetho wesi-6 wezi-2004**

4. Isigaba sesi-6 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa ngokufaka esikhundleni sesigatshana (1) sesigatshana esilandelayo:

“(1) umasipala kumele emukele futhi ashicilele ngokusemthethweni imithetho yomasipala, njengalokhu kulawula isigaba se-12 nese-13 soMthetho Wohlelo lokuSebenza koMasipala, ukuze akwazi ukuqalisa ukusebenza kwenqubomgomo yokuthelisa.”

5

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba sesi-7 soMthetho wesi-6 wezi 2004, njengalokhu sitchitshiyelwa yisigaba-26 soMthetho 19 wezi-2008**

5. Isigaba sesi-7 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa ngokufaka esikhundleni sesigatshana (1) isigatshana esilandelayo:

“(1) uma kutheliswa izintela, umasipala kumele, ngokubheka isigatshana (2), athelise izintela kuzo zonke izakhiwo ezidinga ukuthelwa endaweni engaphansi kwakhe [noma, uma kungumasipala wesifunda, kuzo zonke izindawo ezingaphansi kolawulo lukalowo masipala wesifunda].”

15

**Ukufakela kabusha kwesigaba sesi-8 soMthetho wesi-6 wezi-2004**

6. Isigaba esilandelayo sichibiyela ngokufakela kabusha isigaba sesi-8 soMthetho:

**“Izintela ezehlukahlukene**

8. (1) ngokubheka isigaba sesi-19, umasipala ngokwezimiso zakhe zenqubomgomo yakhe yentela angathelisa intela eyehlukene ngokwezinhlobo ezehlukene zezindawo ezinokuthelwa intela, njengolokhu imiswe esigatshaneni sesi (2) nesesi-(3), okumele iklanywe—

20

(a) ngokusetshenziswa kwendawo;

(b) ngokusetshenziswa kwendawo okuvunyiwe; noma

(c) ngohlelo luka (a) no (b) kuhlanguke

25

(2) umasipala kumele uhlonze izinhla ezilandelayo ezinokutheliswa intela ngokwesigatshana (1): Uma lezi zinhla zezindawo zikhona ngaphansi kwendawo engaphansi kolawulo lwalowo masipala:

(a) Izindawo zokuhlala;

(b) izindawo zezimboni;

30

(c) izindawo zamabhizinisi nezokuhwebelana;

(d) izindawo zezolimo;

(e) izindawo zokumba;

(f) izindawo ezingaphansi kolawulo lombuso futhi ezisetshenziselwa izidingo zomphakathi;

35

(g) ingqalasizinda yendawo yomphakathi;

(h) indawo eyenganyelwe yizinhlangano zomphakathi nanokuthi zisetshenziselwa ukuzuzisa umphakathi;

(i) izindawo/izakhiwo ezitshenziselwa imisebenzi enhlobonhlobo, ngokwesigaba sesi-9; noma

40

(j) nanoma yiluphi olunye uhlobo lwendawo/lwesakhiwo njengalokhu kulawula uNgqongqoshe, ngokubambisana noNgqongqoshe weze-Zimali, ngokweSaziso kuGazethi.

(3) Ngaphezu kwezinhlobo zezakhiwo/zezindawo ezibalulwe esigatshaneni sesi-(2), umasipala, angaqagula ezinye izinhlobo zezindawo/zomhlaba ezengeziwe, kuhlanguke indawo engenalutho, ezilandelayo, ngaphandle kwendawo engenalutho, uma leyo ndawo ingangeni ohlwini lwezindawo okumele zihlonzwe ngokwesigatshana (2).

45

(4) (a) Uma umasipala ungaveza ukuthi kunesidingo sokuhlukanisa ngemikhakha, ingxenye yendawo esohlwini lwesigatshana sesi-(2), uMasipala kufanele ufake isicelo kuNgqongqoshe ngokubhalwe phansi ukuze ugunyazwe ukuba usungule umkhakha noma imikhakha.

50

(b) Leso sicelo kufanele—

(i) sihambisane nezincwadi zokuhlukaniswa kwemikhakha;

(ii) siveze ukuthi ukuhlukaniswa kwemikhakha akushayisani nesigaba se-19; futhi

55

- (iii) reach the Minister at least 15 months before the start of the municipal financial year in which the municipality envisages levying a rate on such sub-categorised property.”.

**Amendment of section 9 of Act 6 of 2004, as amended by section 27 of Act 19 of 2008**

7. Section 9 of the principal Act is hereby amended by the substitution in subsection (1) for paragraph (c) of the following paragraph: 5  
“(c) multiple purposes in terms of section 8(2)[(r)](i).”.

**Amendment of section 11 of Act 6 of 2004**

8. Section 11 of the principal Act is hereby amended—  
(a) by the substitution for subsection (2) of the following subsection: 10  
“(2) A rate levied by a municipality on residential properties with a market value below a prescribed valuation level may, instead of a rate determined in terms of subsection (1), be a uniform fixed amount per property.”; and  
(b) by the deletion of subsection (3). 15

**Amendment of section 12 of Act 6 of 2004**

9. Section 12 of the principal Act is hereby amended by the substitution for subsection (3) of the following subsection:  
“(3) A rate levied for a financial year may not be increased during a financial year [only] as provided for in section 28(6) of the Municipal Finance Management Act.”. 20

**Amendment of section 14 of Act 6 of 2004**

10. Section 14 of the principal Act is hereby amended by the substitution for subsection (2) of the following subsection:  
“(2) (a) A resolution levying rates in a municipality must be annually promulgated, within 60 days of the date of the resolution, by publishing the resolution in the *Provincial Gazette*. 25  
(b) The resolution must—  
(i) contain the date on which the resolution levying rates was passed; 30  
(ii) differentiate between categories of properties; and  
(iii) reflect the cent amount in the Rand rate for each category of property.”.

**Amendment of section 15 of Act 6 of 2004, as amended by section 28 of Act 19 of 2008**

11. Section 15 of the principal Act is hereby amended—  
(a) by the substitution in subsection (2) for the words preceding paragraph (a) of the following words: 35  
“(2) When granting in terms of subsection (1) exemptions, rebates or reductions in respect of owners of categories of properties, a municipality may determine such categories in accordance with section 8(2) and subsection (2A), and when granting exemptions, rebates or reductions in respect of categories of owners of properties, such categories may include—”; 40

- (ii) sifike kuNgqongqoshe okungenani ezinyangeni eziyi-15 ngaphambi kokuba kuqale unyaka wezimali zikamasipala lowo masipala ofisa ukuthwesa intela kuleyo ndawo ehlukaniswe ngemikhakha.”.

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba sesi-9 soMthetho wesi-6 wezi-2004, njengalokhu sichitshiyelwa yisigaba 27 soMthetho 19 wezi-2008** 5

7. Isigaba sesi-9 soMthetho somkhulu uyachitshiyelwa ngokufaka esikhundleni sesigatshana soku-(1) sesiqephu (c) sesiqephu esilandelayo:

- “(c) isakhiwo semisebenzi enhlobonhlobo njengalokhu kubalulwe esigabeni sesi-8(2)[(r)](i).” 10

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba se-11 soMthetho wesi-6 wezi-2004**

8. Isigaba se-11 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa—

- (a) Ngokufaka esikhundleni sesigatshana sesi-(2) sesigatshana esilandelayo:  
“(2) intela etheliswe ngumasipala ezindaweni zokuhlala ngokohlelo lwenani lemali yangaleso sikhathi engaphansi kwesilinganisomanani esisemthethweni, ngokwentela eklanye ngokwesigatshana soku-(1), ingenziwa ibe yintela efanayo emile isakhiwo ngesakhiwo/indawo ngendawo/umhlaba ngomhlaba.”; kanye  
(b) nokususa isigatshana sesi-(3). 15

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba se-12 soMthetho wesi-6 wezi-2004** 20

9. Isigaba se-12 soMthetho Omkhulu siyachitshiyelwa ngokufaka esikhundleni sesigatshana (3) sesigatshana esilandelayo:

- “(3) Intela etheliswe kulowo nyaka wezimali ingeze yenyuswa ngalowo nyaka [kuphela] njengalokhu kuhlinzekwe esigabeni 28(6) soMthetho kaMasipala Wokusebenza kweZimali.”. 25

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba se-14 soMthetho wesi-6 wezi-2004**

10. Isigaba se-14 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa ngokufaka esikhundleni sesigatshana (2) isigatshana esilandelayo:

- “(2) (a) isinqumo sokuthelisa izintela komasipala kumele saziswe kuwonke-wonke ngonyaka ezinsukwini ezingama-60 ngosuku isinqumo esashicilelwa ngalo kuGazethi yesiFundazwe. 30  
(b) Isinqumo kumele siqukathe okulandelayo—  
(i) usuku okwaphasiswa ngalo isinqumo sokuthelisa izintela;  
(ii) sehlukanise phakathi kwezinhla zezindawo/izakhiwo; kanye  
(iii) sikhombise inani lecenti eRandini ohlwini ngalunye.”. 35

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba se-15 soMthetho wesi-6 wezi-2004 njengalokhu sichitshiyelwa yisigaba 28 soMthetho 19 wezi-2008**

11. Isigaba se-15 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa—

- (a) ngokufaka esikhundleni sesigatshana (2) samagama andulela isiqephu (a) amagama alandelayo: 40  
“(2) uma ngokwesigatshana soku (1) unikeza ilungelo lokungakhokhi, lokubuyiselwa imali noma lokunciphisa kulabo abangabanikazi bezinhlobo zezindawo/zezakhiwo/zomhlaba, umasipala angaqagula lezo zinhlobo njengalokhu kulawula isigaba sesi-(8)(2) kanye nesigatshana sesi-(2A), nanokuthi ngesikhathi kunikezwa lelo lungelo lokungakhokhi, lokubuyiselwa imali noma lokunciphisa ngasohlangothini lwezinhlobo zezakhiwo/zemihlaba/zezindawo zabanikazi, izinhlobo ezinjalo zingafaka phakathi—”; 45

(b) by the insertion after subsection (2) of the following subsection:

“(2A) In addition to the categories of rateable property determined in terms of section 8(2), a municipality may, subject to any ratio determined in terms of section 19, for the purposes of granting exemptions, rebates and reductions, determine such property categories based on—

(a) properties used for public service purposes; and

(b) properties to which the provisions of the National Heritage Resources Act, 1999 (Act No. 25 of 1999), apply, or an institution that has been declared to be subject to the Cultural Institutions Act, 1998 (Act No. 119 of 1998).”;

(c) by the deletion in subsection (3)(b) of subparagraphs (ii) and (iii).

#### Amendment of section 16 of Act 6 of 2004

12. Section 16 of the principal Act is hereby amended by the substitution in subsection (2) for paragraphs (a) and (b) of the following paragraphs:

“(a) If a rate on a specific category of properties, or a rate on a specific category of properties above a specific amount in the Rand, is materially and unreasonably prejudicing any of the matters listed in subsection (1), the Minister, **[after notifying]** with the concurrence of the Minister of Finance, must, by notice in the *Gazette*, give notice to the relevant municipality or municipalities that the rate must be limited to an amount in the Rand specified in the notice.

(b) A municipality affected by a notice referred to in paragraph (a) must give effect to the notice **[and, if necessary, adjust its budget for the next financial year accordingly]**, the effective date of which must be from the date determined by the Minister in the notice.”.

#### Amendment of section 17 of Act 6 of 2004, as amended by section 29 of Act 19 of 2008

13. Section 17 of the principal Act is hereby amended—

(a) by the substitution in subsection (1) for paragraph (a) of the following paragraph:

“(a) subject to paragraph (aA), on the first 30% of the market value of public service infrastructure;”;

(b) by the insertion in subsection (1) after paragraph (a) of the following paragraph:

“(aA) on any property referred to in paragraphs (a), (b), (e), (g) and (h) of the definition of ‘public service infrastructure’;”;

(c) by the substitution in subsection (1) for paragraph (b) of the following paragraph:

“(b) on any part of the sea-shore as defined in the **[Sea shore Act, 1935 (Act No. 21 of 1935)] National Environmental Management: Integrated Coastal Management Act, 2007 (Act No. 24 of 2008);**”;

(d) by the substitution in subsection (1) for paragraph (f) of the following paragraph:

“(f) on **[mineral] mining rights or a mining permit within the meaning of [paragraph (b) of the definition of “property” in section 1] the Mineral and Petroleum Resources Development Act, 2002 (Act No. 28 of 2002), excluding any building, other immovable structures and infrastructure above the surface of the mining property required for purposes of mining;**”;

(e) by the substitution in subsection (1) for paragraph (g) of the following paragraph:

(b) Ukufaka emva kwesigatshana sesi-(2) sesigatshana esilandelayo:

“(2A) ngaphezu kwezinhlobo zezakhiwo/zezindawo/zemihlaba ezibalulwe esigabeni sesi-8(2), umasipala angaqagula, kodwa ngokubhekela ubukhulu bokulinganiselwa obubalulwe esigabeni se-19, ngenhloso yokunikeza ilungelo lokungayikhokhi intela, lokubuyiselwa imali kanye nelokuncishiselwa, angaqagula izinhlobo ngaphansi kwalokhu—

(a) Impahla esisetshenziselwa izinhloso zomphakathi; kanye

(b) izindawo lapho kunezinhlizeko uMthetho wezamaGugu zikaZwelonke, 1999 (uMthetho 29 we-1999) usebenza khona, noma isikhungo ezibekwe ngokusemthethweni ngaphansi koMthetho weziKhungo zezaMasiko, 1998, (uMthetho 119 we-1998).”; kanye

(c) ngokususa esigatshaneni sesi-(3)(b) iziqephu (ii) no (iii).

#### Ukuchitshiyelwa kwesigaba se-16 soMthetho wesi-6 wezi-2004

12. Isigaba se-16 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa ngokufaka esikhundleni sesigatshana sesi-(2) seziqephu (a) no (b) iziqephu esilandelayo:

“(a) uma intela yohlobo oluthile lwesakhiwo/lwendawo, noma uhlobo oluthile lwesakhiwo/indawo lungaphezulu kwenani ngokwamaRandi, lulimaza ngokungenasidingo noma yikuphi phakathi kwezinto ezisohlwini olusesigatshanane soku-(1), uNgqongqoshe [emva kokwazisa] ngokubambisana noNgqongqoshe wezeZimali, kumele ngokwesaziso kuGazethi, akhiphe isaziso kulabo masipala noma omasipala abathintekayo ukuthi intela kumele igcine enanini ngokwamaRandi elibalulwe esazisweni.

(b) Umasipala ochashazelwe isaziso esivezwe endimeni (a) kufanele ulandele isaziso [futhi, uma kunesidingo, uhlele isabelomali sawo sonyaka wezimali olandelayo ngendlela efanele], usuku okufanele siqale ngalo ukusebenza kufanele kube usuku olunqunywe uNgqongqoshe ngesaziso.”.

#### Ukuchitshiyelwa kwesigaba se-17 soMthetho wesi-6 wezi-2004, njengalokhu sitchitshiyelwa yisigaba 29 soMthetho 19 wezi-2008

13. Isigaba se-17 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa—

(a) ngokufaka esikhundleni sesigatshana (1) sesiqephu (a) esiqeshini esilandelayo:

“(a) ngaphandle kwesiqephu (aA), amaphesenti okuqala angama-30 evelu esebenza ngaleso sikhathi kungqalasizinda yezidingo zomphakathi;”;

(b) ngokufaka phakathi esigatshaneni soku-(1) emva kwesiqephu (a) sesiqephu esilandelayo:

“(aA) kunoma iyiphi indawo okukhulunywe ngayo eziqeshini (a), (b), (e), (g) no (h) yencazelo yengqalasizinda eyizinsiza zomphakathi;”;

(c) ukufaka esikhundleni sesigatshana soku-(1) sesiqephu (b) sesiqephu esilandelayo:

“(b) kunoma iyiphi indawo esogwini njengalokhu ichazwe [kuMthetho woGu, 1935 (uMthetho 21 we-1935)] Kwezokusingathwa kweze-Mvelo zikaZwelonke: uMthetho wezokuSingathwa kwendawo ezisoGwini oDidiyelwe, wezi-2008 (uMthetho 24 wezi-2008);”;

(d) ngokufaka esikhundleni sesigatshana soku-(1) sesiqephu (f) sesiqephu esilandelayo:

“(f) kumalungelo [kumaminerali] okumba noma imvume yokumba ngaphansi kwencazelo [isiqephu (b) sencazelo ye “ndawo” esigatshaneni 1] uMthetho wokuThuthukiswa kweZimbiwa nokuSaluketshezi, wezi-2002 (uMthetho 28 wezi-2002) kushiya ngaphandle noma yisiphi isakhiwo, isakhiwo ezingasuseki kanye nengqalasizinda engaphezulu komhlaba endaweni yokumayina okudingeka ukuthi kumayinwe kuyo;”;

(e) ngokufaka phakathi esigatshaneni soku-(1) emva kwesiqephu (g) sesiqephu esilandelayo:

- “(g) on a property belonging to a land reform beneficiary or his or her heirs, dependants or spouse provided that this exclusion lapses—
- (i) ten years from the date on which such beneficiary’s title was registered in the office of the Registrar of Deeds; or
  - (ii) upon alienation of the property by the land reform beneficiary or his or her heirs, dependants or spouse;”; 5
- (f) by the substitution in subsection (1) for paragraph (i) of the following paragraph:
- “(i) on a property registered in the name of and used primarily as a place of public worship by a religious community, including **[an]** the official residence registered in the name of that community which is occupied by **[an]** the office bearer of that community who officiates at services at that place of worship.”; 10
- (g) by the insertion after subsection (1) of the following subsection: 15
- “(1A) The exclusion from rates of a property referred to in subsection (1)(b) lapses—
- (a) if the property is alienated or let; or
  - (b) if the exclusion from rates of a property lapses in terms of paragraph (a), the new owner or lessee becomes liable to the municipality concerned for the rates that, had it not been for subsection (1)(b), would have been payable on the property, notwithstanding section 78, with effect from the date of alienation or lease.”; 20
- (h) by the substitution in subsection (2) for paragraph (b) of the following paragraph:
- “(b) (i) If the property in respect of which the declaration is withdrawn is privately owned, the owner, upon withdrawal of the declaration, becomes liable to the municipality concerned for any rates that, had it not been for subsection (1)(e), would have been payable on the property, notwithstanding section 78, during the period commencing from the effective date of the current valuation roll of the municipality. 30
- (ii) If the property was declared as a protected area after the effective date of the current valuation roll, rates are payable only from the date of declaration of the property.”; and
- (i) by the substitution in subsection (5) for paragraph (b) of the following paragraph: 35
- “(b) If the exclusion from rates of a property used as such an official residence lapses, the religious community owning the property becomes liable to the municipality concerned for any rates that, had it not been for subsection (1)(i), would have been payable on the property, notwithstanding section 78, during the period of one year preceding the date on which the exclusion lapsed.”. 40

**Amendment of section 19 of Act 6 of 2004, as amended by section 30 of Act 19 of 2008**

14. Section 19 of the principal Act is hereby amended—
- (a) by the substitution in subsection (1) for paragraph (a) of the following paragraph: 45
- “(a) different rates on residential properties, except as provided for in sections 11(2), 21 and **[89]** 89A: Provided that this paragraph does not apply to residential property which is vacant;” and



- “(g) endaweni engeyalabo abahlomule ohlelweni lokubuyiselwa umhlaba noma izindlalifa, abantwana noma okuganenze nabo ngaphandle uma lokhu kupheliswa—  
 (i) eminyakeni eyishumi kusukela osukwini okwabhaliswa ngalo abadli befa ehhovisi loMphathi Omkhulu wokubhaliswa kweZakhiwo; noma  
 (ii) uma indawo yedluliselwa kumniniyo noma kundlalifa, ezinganeni noma kokuganenze naye;”;
- (f) ngokufaka endaweni yesigatshana soku-(1) sendima (i) le ndima elandelayo:  
 “(i) emhlabeni obhaliswe ngegama futhi osetshenziswa njengendawo yokukhonza emphakathini ngamkholwa, kubandakanya indawo esemthethweni yokuhlala ebhaliswe ngegama lomphakathi esetshe-nziswa osesikhundleni emphakathini ogunyaza ukusetshenziswa kwaleyo ndawo wokukhonza.”;
- (g) ngokufaka emva kwesigatshana soku-(1) sesigatshana esilandelayo:  
 “(1A) ukungatheliswa intela ezindaweni okukhulunywe ngazo esigatshaneni soku-(1)(b) kuphela—  
 (a) uma indawo yehlukaniswa noma iqashiswa, noma  
 (b) uma ukungafakwa ohlelweni lokuthelela indawo intela kuphelelwa yisikhathi njengalokhu kubikwe esiqeshini (a), uma umnikazi omusha noma othenga sakuqasha, njengalokhu kungenzeka, engena ohlelweni lwalowo masipala lokuthela intela, okwakungeyikho okwesigatshana soku-(1)(b), okwakufanele ukuba ikhokhelwe indawo, noma kunjalo izinhlinzeko zesigaba sama-78 ziyosebenza, kusukela ngosuku lokwahlukanisa noma sokuqasha(shisa).”;
- (h) ngokufaka esikhundleni sesigatshana sesi-(2) sesiqephu (b) sesiqephu esilandelayo:  
 “(b) (i) Uma indawo lapho ukumenyenzelwa kwayo kuhoxiswa yenganyelwa ngumuntu ozimele, umnikazi, emva kokuhoxiswa kwezimezelelo, iyobe isibuyela kumasipala othintekayo ngasohlangothini lwanoma iyiphi intela, obengabe kusigatshana (i) (e), okwakufanele ikhokhelwe indawo, nakuba kunjalo izinhlinzeko zesigaba sama-78 ziyasebenza, kusukela ngosuku lokuqala kokusebenza komqulu wohlu lwezilinganisomanani zikamasipala zangaleso sikhathi;  
 (ii) Uma indawo yayimenyenzelwe njengendawo evikelekile emva kosuku lokuqala kokusebenza komqulu wohlu lwezilinganisomanani olusebenza ngaleso sikhathi, intela ikhokhwa kuphela kusukela ngosuku okuyomenyenzelwa ngalo indawo.”; kanye
- (i) ngokufaka phakathi emva kwesigatshana sesi-(5) sesiqephu (b) sesiqephu esilandelayo:  
 “(b) Uma ukungafakwa ohlwini lwentela yendawo esetshinziswayo njengendawo yokuhlala esemthethweni isikhathi sakho siphela, umphathi webandla owengamele leyo ndawo kuba nguyena okumele abike kulowo masipala othintekayo mayelana nanoma iyiphi intela okwakufanele ikhokhwe ngaphansi kwesigatshana soku-(1)(i), nakuba izinhlinzeko zesigaba sama-78 sisebenza, ngesikhathi esingangonyaka esandulela usuku ukungafakwa ohlelweni lwaphela.”.

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba se-19 soMthetho wesi-6 wezi-2004, njengalokhu sichitshiyelwa yisigaba 30 soMthetho 19 wezi-2008**

- 14. Isigaba se-19 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa—**
- (a) ngokufaka kusigatshana soku-(1) sesiqephu (a) sesiqephu elandelayo:  
 “(a) izintela ezehlukene ezindaweni zokuhlala, ngaphandle kwalokhu okuhlinzekwe ezigabeni okungesi-11(2), 21 nesama [89] 89A: ngaphandle uma lesi siqephu singasebenzi endaweni yokuhlala engakhe lutho;”;

(b) by the substitution for subsection (2) of the following subsection:

“(2) The ratio referred to in subsection (1)(b) may be subject to prescribed norms and standards, and may only be prescribed with the concurrence of the Minister of Finance.”.

**Amendment of section 20 of Act 6 of 2004, as amended by section 31 of Act 19 of 2008** 5

15. Section 20 of the principal Act is hereby amended—

(a) by the substitution in subsection (2) for paragraph (a) of the following paragraph:

“(a) different kinds of municipalities which may, for the purposes of this section, be defined in the notice either in relation to categories, **[of municipalities within the meaning of the Municipal Structures Act]** types, or budgetary size of municipalities or in any other way; or”; and 10

(b) by the insertion after subsection (2) of the following subsection: 15

“(2A) The Minister may, with the concurrence of the Minister of Finance, and by the notice referred to in subsection (1), delay the implementation of a limit, for a period determined in that notice and in respect of the different kinds of municipalities defined in terms of subsection (2)(a).”.

20

**Amendment of section 25 of Act 6 of 2004**

